



USINDI



NENYANGA



Zanele Dlamini
Thokozani Mkhize
Wesley van Eeden





USINDI NENYANGA

Le ncwadi ngeka







Every child should own a hundred books by the age of five. To that end, Book Dash gathers creative professionals who volunteer to create new, African storybooks that anyone can freely translate and distribute. To find out more, and to download beautiful, print-ready books, visit bookdash.org.

USindi neNyanga

(Sindi and the Moon)

Illustrated by Wesley van Eeden

Written by Zanele Dlamini

Designed by Thokozani Mkhize

Translated by Nonkululeko Nhlapho

with the help of the Book Dash participants in Durban on 7 November 2015.

ISBN: 978-1-77623-078-5


This work is licensed under a Creative Commons Attribution 4.0 Licence (<http://creativecommons.org/licenses/by/4.0/>). You are free to share (copy and redistribute the material in any medium or format) and adapt (remix, transform, and build upon the material) this work for any purpose, even commercially. The licensor cannot revoke these freedoms as long as you follow the following license terms:

Attribution: You must give appropriate credit, provide a link to the license, and indicate if changes were made. You may do so in any reasonable manner, but not in any way that suggests the licensor endorses you or your use.

No additional restrictions: You may not apply legal terms or technological measures that legally restrict others from doing anything the license permits.

Notices: You do not have to comply with the license for elements of the material in the public domain or where your use is permitted by an applicable exception or limitation.

No warranties are given. The license may not give you all of the permissions necessary for your intended use. For example, other rights such as publicity, privacy, or moral rights may limit how you use the material.




Zanele Dlamini
Thokozani Mkhize
Wesley van Eeden



USindi wayeyintombazanyana
ephapheme kakhulu eyayithanda
ukucula nokudansa. Wayehlala epulazini
nabazali bakhe kanye noGogo wakhe.

USindi wayekujabulela ukulandela uGogo
kanye nokuphakela imfuyo.



Ngolunye usuku kusihlwa ngenkathi uSindi nomndeni wakhe bedla isidlo sakusihlwa, umama kaSindi wayenokuthile ayezomtshela kona. “Sindi,” kusho yena, “ngemuva kwamaholide amade kaKhisimusi, uzoya esikoleni.”

USindi wayejabule kakhulu. Wayejabule ukuthi ekugcineni uzofunda ukufunda nokubhala.






Ngenkathi uSindi ejabule,
wadansa. Injabulo yakhe
yasakazekela ezilwaneni
zasepulazini. Izinja zakhonkotha
kakhulu. Izinkomo zakhala
kamnandi. Izimvemvane
zabhakuzisa amaphiko zaze
zayohlala ezinweleni zakhe.



Ngenkathi uSindi edansa, wayetshikiza kusuka kwesokunxele kuye kwesokudla, kube sengathi udonswa umoya uphinde umphushe umoya. Ubehlabelela kanye nomculo oshayela phansi.



Njengoba amaholide ayesephela ngemuva kukaKhisimusi, uSindi waqala wazibuza ukuthi ngabe ngempela isikole sinjani. Wayengafuni ukuthi umama wakhe azi ukuthi unovalo, ngakho-ke wabuza uGogo ukuthi isikole sinjani. “Isikole sinokuzimisela okukhulu,” kusho uGogo. “Asisekho isikhathi sengoma nomdanso, ukufunda kuphela.” Lokhu akuzange kumjabulise uSindi nakancane.



Ubusuku obungaphambi kokuba
kuqale isikole bebushisa
kakhulu. USindi akakwazanga
ukulala! Wanyonyoba waphumela
ngaphandle wahlala esitubhini,
ebheke esibhakabhakeni esimnyama.
Inyanga yayinkulu igqamile futhi
inhle nezinkanyezi zazicwebezela.






USindi wakhuluma nenyanga enhle. “Nyanga ethandekayo ekhanyayo,” kusho yena, “uyabesaba yini ubumnyama? Yingakho yini ucela izinkanyezi ukuthi zihlale nawe? ”

“Ngizoya esikoleni kusasa, kuzoba njani?”

“Bazongidedela yini ukuthi ngicule?”

“Ngabe bazongidedela yini ukuthi ngidanse?”

USindi waqala ukucula. Akubona
emva kwalokho kwamenza wahlikihla
amehlo ngokungakholwa. Ngabe
wayephupha? Inyanga yayimamatheka!
Futhi nezinkanyezi zazidansela ingoma
yakhe!






Kwasho izwi elimnene kuye.
“Sindi omncane othandekayo,”
kusho izwi. “Isikole siyindawo enhle.
Uzofunda izinto eziningi: ukufunda
nokubhala, ukucula nokudansa
nokwenza abangane abaningi.”

“Kepha manje, Sindi, kufanele
uphumule. Kusasa kuzoba kuhle.”

USindi wayengakaze abone into emangaza kanjena. Wayefuna ukuvusa wonke umuntu futhi abakhombise inyanga ekhuluma nezinkanyezi ezidansayo.

Kepha inyanga yamvimba. "Shhhh, Sindi," kusho yona. "Le yimfihlo yethu encane." Inyanga yacifa iso.

USindi wabuyela embhedeni, eduduzwa ngamazwi ahlakanihile enyanga, walala ngokuthula.





Kwafika isikhathi sesikole. UMama
Kubambe isandla sikaSindi njengoba
besondela esikoleni.

Wayenethemba lokuthi usuku luzoba luhle,
ngoba inyanga yayimtshela kanjalo.

Izingane zazifika nonina noyise. Bonke
babukeka bejabule. USindi akakwazanga
ukulinda ukwenza abangane.



Ngesikhathi sesidlo sasemini, uSindi wayethanda yonke into ngesikole.

“Ngifisa sengathi inyanga ingangibona njengamanje,” kusho yena. Manje ngizofunda ukufunda. Ngizofunda ukubhala. Kepha futhi ngizocula ngidanse!”

Futhi bonke abangane bakaSindi abasha badansa naye, njengoba kwakwenza izilwane. Babemshayela izandla futhi bemhlabelelela.



